
*ZULU – "Who will deliver me?"*

# UMBUZO, NGUBANI OYONGIKHULULA NA ?



*Isono singibophile. Owenza isono ungokaSathane. (1 Joh. 3:8).*

Ngelinye ilanga ngafundisa emzini womnumzane othile ezweni laseluSuthu. Kwakukhona abakholwayo bamabandla ehlukeneyo, nabahedeni babekhona bezolalela iZwi leNkosi. IZwi eliphilayo, elinamandla, eledlula zonke izinkemba ezikhalipha inxa zombili, lahlaba, langena imibilini nezinhliziyo zabantu.

Inkosikazi ethile yomnumzane yaqala ukukhala nokububula kakhulu, yema phakathi kwenkonzo, yacela ukuba inikwe ithuba lokukhuluma. Yathi: "Izinyembezi ziyehla ezihlathini zami. O, ngisizeni, inhliziyo yami ibuhlungu, ngingumuntu onengekayo. Ngubani oyongisiza na? Ngubani oyongikhulula kuloku kufa okwesabekayo na?" Nina nonke

enilapha niyangazi. Ngiyinkosikazi yomnumzane, ngiyinkosikazi yomthandazo. Sekuyiminyaka engamashumi amabili ngiyilunga elipheleleyo eBandleni. Ngingena esontweni, kepha lezizinto azingisizi ngalutho, azingikhululi, ngiyisiboshwa sesono! Ngiyisidakwa esesabekayo, ngingumbulali. Izandla zami ziyisinengiso ngoba zinamandla okuphisa utshwala obuqalekisiweyo. Isono singibophe izandla nezinyawo, ngiyisiboshwa sesihogo. Waphinda wakhala kabuhlungu, wahlala phansi. Waqhubeka ekukhulumeni wathi: "Ngubani, ngubani na, oyongikhulula kulezizibopho zikaSathane ezingibophileyo, uNkulunkulu ngiyamthanda, kepha isono singibophile, siyabusa. Ngabulala umfana wami omuhle ngidakiwe, ngimmemile, ngaziphonsa phansi ekudakweni kwami, ngamfohloza ikhanda. O, ngisizeni, ngisizeni Bafundisi, ngubani oyongikhulula na? Ukuphila kwomoya wami ngingakufumanaphi na?"

Ngaphenya iBhayibheli, ngafunda kwabaseRoma isahluko 7, lapho sifumana khona icasiselo ngokubuswa isono, ukuthi senza lokho esingakuthandiyo (ivesi lika 19): "Okulungileyo engikuthandayo, angikwenzi kepha okubi engingakuthandiyo, ngiyakwenza, ngoba ububi bunginamathele. Ngiyathanda ukwenza okulungileyo, kepha umthetho wokona ungibophile, ungivimbela ukwenza okulungileyo kukaNkulunkulu."


## NGINGUMUNTU OHLUPHEKAYO.

*"Ngubani oyakungikhulula emzimbeni waloku 'kufa na?" (Rom. 7:24).*
*Impendulo: "Njalo uma iNdodana (kaNkulunkulu) inikhulula niyakuba abakhululekileyo impela." (Joh. 8:36).*

Ngaphandle kukaJesu, akukho ukukhululeka esonweni; ngaphandle kweGazi lakhe, elaphalazwa esiPhambanweni, ngeke ufumane usizo ezonweni zakho.

Kayikho inyanga, kawukho umuthi, akakho umthakathi, akakho umuntu noma uMfundisi, alikho neBandla elingakukhulula emandleni esono. Ungakhululeka ngoJesu Kristu kuphela, ngeGazi lakhe nangoMoya Ongcwele kaNkulunkulu.

UJesu, iNdodana kaNkulunkulu, weza lapha emhlabeni ukuvula amehlo ezimpumputhe, ukukhulula iziboshwa ekuboshweni, nabahlezi ebumnyameni ejele. (Isaya 42:6,7). UJesu wathi: Owenza isono, uyisigqili sesono nesikaSathane. Kepha uma iNdodana kaNkulunkulu inikhulula, niyakuba abakhululekileyo impela. (Joh. 8:34-36). UJesu **uyiQiniso – neQiniso** liyakunikhulula. (Joh. 8:36). UJesu, iNdodana kaNkulunkulu, wathwala izono zakho zonke, wazithwala ngomzimba wakhe esiphambanweni ngeGazi lakhe ukhululiwe.



*Ngiyabonga uNkulunkulu ngoJesu Kristu, iNkosi yethu.*

UBharaba wayengumbulali nesiboshwa ejele, wayemelwe ukubethelwa ngamaRoma ngenxa yokungalungi kwakhe. Kepha uJesu wathatha isikhundla sikaBharaba. UBharaba wakhululwa khona uJesu wabulawa endaweni yalowo mbulali.

UBharaba nguwe. Inkokhelo yesono ukufa, kepha uma ungabheka esiphambanweni sikaJesu uzobona ukuthi isono sakho sibethelwe khona, ukhululwe ngokufa nokuvuka kukaJesu Kristu.

Lenkosikazi yomnumzane uma izwa lezizindaba yakholwa yathokoza. Yazinikela ngenhliziyo yonke yayo kuJesu. Yafumana ukuthethelelwa kwezono zayo zonke nokukhululwa kuzo. Sekuyiminyaka impela yakhululwa, ayisaphuzi utshwala noma amahewu, ayisabhemi ugwayi ongcolisa umuntu ubufebe abusekho. Igcwele uMoya kaNkulunkulu oyissizayo ukuba inqobe phakathi kwezilingo. Nawe mfundi ungafumana inkululeko impela ngoJesu Kristu. Woza kuye, uzinikele kuJesu njengoba unjalo, nalapho ukhona noma ehlane, noma kuphi nakuphi uzomfumana uma ungazithoba, uzisole, umcele ukuba akukhulule. Akasoze akulahle, uma uza kuJesu ngomoya weqiniso. Mhlawumbe ungumuntu omdala eBandleni, kepha isono sikubophile. Woza kuJesu, umfune emthandazweni, khona uzobona izimangaliso namandla nothando lwakhe. Uyokukhulula emandleni obudakwa, ubufebe, nolaka nasemandleni ezono zonke. Nazo izifo zomzimba ziyizibopho zikaSathane. (Luka 13:10-17). UJesu uzokuphilisa kulezozibopho. Woza kuye, unjengoba unjalo, uyazazi zonke ezakho.

**Uma ufisa ukuba uqonde indlela yokusindiswa ungabhalela: ... noma kubacindezeli balencwajana.**

---

The popular “Heart Book” with its soul-saving message is obtainable in over 500 languages. Many have found salvation even just by looking at the pictures.
**Our Heart of Man Book can now be downloaded in 480 different languages onto cell phones, tablets, etc from our website www.angp-hb.co.za.**

Kindly write to us if you are able to assist us with further translations of our free Gospel literature, informing us of the language into which you could translate this Gospel literature. Your assistance would be appreciated.

If you have found salvation in Christ, or have been otherwise blessed through our Gospel literature, please let us know. We would like to thank God with you, and remember you further in our prayers.

For **free** Gospel literature, books and tracts in over 540 languages, write to:

**E-MAIL: info@angp.co.za**
**ALL NATIONS GOSPEL PUBLISHERS**
**P.O. Box 2191, PRETORIA, 0001, R.S.A.**
(A Gospel Literature Mission financed by donations)
(Reg. No. 1961/001798/08)